# INHLANGANYELO

Asibe silokhu simile, umzuzwana nje, okwezwi lomkhuleko, sisakhothamisa amakhanda ethu.

2 Baba wethu waseZulwini, njengoba sisondela kuWe, kulobubusuku, Nkosi, kulesisikhathi senhlanganyelo, siyaKubonga ngeGazi likaJesu Kristu, nangalesisikhathi senhlanganyelo.

3 Manje, kubekwe phambi kwami amaduku athile athunyelwe lapha, Nkosi, engqungqutheleni, amele abantu abadingayo. Futhi siyatshelwa eBhayibhelini ukuthi bathatha emzimbeni kaPawulu oNgcwele amaduku nezindwangu, nemimoya engcolileyo yaphuma kubo, nabagulayo baphulukiswa. Siyaqonda ukuthi asisuye uPawulu oNgcwele, kodwa Wena usenguye uNkulunkulu ofanayo, futhi Usilungiselele indlela, namuhla, ngokuba Unguye izolo, namuhla, naphakade, siyakhuleka ukuthi Uphulukise lababantu.

4 Futhi kwangathi, njengoba omunye umbhali asho, ukuthi ngenkathi u-Israyeli evinjwe uLwandle Olufile esuka ezweni lesethembiso, ukuthi uNkulunkulu wabuka phansi eNsikeni yoMlilo ngamehlo athukuthele, ulwandle lwathuthumela futhi lwahlehla, futhi u-Israyeli waqhubeka nohambo, Nkulunkulu, ngiyakhuleka ukuthi lapho lamaduku ebekwa phezu komzimba wabagulayo, kwangathi uNkulunkulu angabheka, hhayi kuphela ngeNsika yoMlilo, kodwa ngeGazi leNdodana yaKhe uQobo, Owenza. . .futhi kwangathi ukugula kungabuyela emuva futhi kunikeze indawo yamandla kaKristu okuphulukisa.

5 Busisa lengqungquthela, Nkosi, ekuphetheni kwayo, kulobubusuku. Sikhulekela ukuthi Uzovele usivakashele ngendlela enkulu, njengoba kade Wenza, futhi usinikeze okwezibusiso zaKho. Siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

6 Ningahlala phansi. INkosi ibusise. Ngishukunyiswe *kakhulu* nguku—ukuncoma engisanda kukunikwa nguMfowethu Carlson. Ngingathanda kanjani ukuthatha isikhathi sokusho izinto ezimbalwa ngalokho, kodwa ngiyazi ukuthi nibe, namuhla, nakuyo yonke ingqungquthela, kube nokushumayela okuningi, nokushumayela okungako kwabashumayeli abakhulu abakhulume kini, futhi ngi—ngiyabathakasela bonke, futhi ngiyazi ukuthi nikhathele manje, futhi nizobe nigoduka emva kwesikhashana, futhi mhlawumbe emabandleni enu, kusasa, futhi ngi—ngeke ngithathe isikhathi senu esiningi. Kodwa njengoMfowethu Carlson, nje i—isitatimende esigqamile kanjalo!

7 Izolo ebusuku ngenkathi ngisuka lapha ngigaxe uJoseph, ngathi, "Yini indaba ngami na?" Ngabuza umkami ngolunye

usuku, "Ingabe ngiwuhlanya yini?" Angikwazi ukuzibamba ukusho lezozinto. Kukhona Ilukuluku ngaphakathi kwami elikuqhubayo, futhi a—angikwazi ukukubamba lokho. Yinto ethize, okungukuthi, ngiyaqalaza naphezu kweBandla . . .

8 Namuhla ntambama, ehhotela labahamba ngezimoto engihlala kulo, bekunesigejane sabantu abangena bedakiwe, nabesifazane, nogogo, futhi begqoke izikhindi, futhi begqoke ngokungabi nasimilo, futhi bephuza, futhi bebhema, futhi ngi—futhi ngicabangile, "Nkulunkulu, kungani kufanele ngikhulume nodadewethu ngendlela engikhuluma ngayo, futhi ngingafuni ukusho lezozinto, kodwa kungani kufanele ngikwenze lokho, futhi ngebheke lapha na?"

9 Futhi nje ngomoya omuhle, hhayi iPhimbo elizwakalayo, kodwa Into ethize ngaphakathi yathi, "Angifuni abantwana baMi babukeke *kanjalo*." Nakho-ke. Niyabo? Ningabantu abehlukile. Ngenkathi ngiMbona ethi, noma, ngikuzwile enhliziyweni yami, "Angifuni abantwana *baMi*," lokho kungisizile, "Abantwana *baMi*." Ngiyalithanda iBandla, Yilokho uKristu akufela, iBandla. Futhi ngiyakholelwa eBandleni, kodwa ezinye zezinto eziqhubeka eBandleni lapho ushumayela njalo njalo ngokumelene nakho, futhi wendlala iZwi kukho, bese-ke ubona iBandla lisaphumputha kulokho, kungukuthi . . .

10 Niyabo, ngobuqotho, ngiyazi ukuthi ngibizwa ngayo yonke into kusukela engelosini enkulu kuye kudeveli, ngingumfowenu, ngingumfowenu, futhi lezozinto zingashiwo ngami, angikwazi ukukubamba okushiwo, kufanele ngibe qotho, ngi, funa ukusho njengoPawulu, "Angizange ngibe ongawulaleli umbono waseZulwini," lowo owafika kimi ngisewumfana, futhi kusukela lapho iNkosi iye yasebenza, nginokuqiniseka kuNkulunkulu, ukukholwa kuKristu.

11 Lapha emavikini ambalwa edlule, ngesikhathi sokugcina ngangiseChicago, njalo, ngangine . . . IBusiness Men yayenze okubonakala yonke indawo okuncane ngabefundisi abehlukene edolobheni, futhi ngangizokhuluma u—umbukiso, i—ingxenye yokugcina yawo, e—emhlanganweni omkhulu wabefundisi. Futhi ngangilungiselela idili likamkhipheni lejubhili elikhulu likamoya, ngiqagele ngingakubiza kanjalo. Futhi ngobunye ubusuku, cishe ubusuku obuthathu noma obune ngaphambi kokuba i, kwenzeke, ngangisegunjini lehhotela, umbani wawubaneka, kwakukhona isiphepho siqhubeka, ngangisanda kufika nje ngivela emhlanganweni, kwakungaba yihora lokuqala nqo ekuseni, Wathi, "Iya efasiteleni." Kwakukhona lokho kuKhanya kukhanya ekamelweni, eninaso isithombe sakho, futhi enaziyo ngakho. Wathi, "Hamba uye ngale efasiteleni futhi ume eduze kwaleyondawo yesithathu."

12 Futhi ngama lapho, ngabuka ngapesheya, Wathi, "Bakubekele unoxhaka, kodwa ungakhathazeki, Ngizoba

nawe. Tshela uMnu. Carlson," *lapha*, "nomunye umuntu, uyakuba naye, okuzoba nguTommy Hicks, ngeke balithole lelohholo elikhulu abahlela kulo, izoba kwenye indawo enegumbi elinsundu. Futhi lapho bengena, kuyoba khona indoda eyikhaladi ehleli kwesokunxele sakho." Wayesengikhombisa lapho wonke umuntu eyobe ehlezi khona. Wathi, "Manje, khuluma lokho, uzohlangana noMnu. Carlson, kusasa, okokudla kwasekuseni." Nangu *lapha* ehlezi.

13 Futhi egumbini, uMoya oNgcwele wachaza yonke ingxenye yakho. Futhi lowomhlangano, lapho ababezoba nawo khona, wakhanselwa, kwadingeka bathathe elinye igumbi, futhi lapho bonke bengena, wonke umuntu wahlala ngqo endaweni yabo, nangu uMfowethu Carlson. Akalokothi asho noma yini ngaphandle kwalokho okuqinisile, eqinisile ngokuphelele.

14 Futhi ngathi enhlanganweni yabefundisi, "Ngiyakwazi enimelene nami ngakho, kumayelana nemfundiso yami ngoKristu. Manje, nginizwile nizethula njengoDkt. *S'bani-bani* noDkt. *S'bani-bani*, anginayo ngisho imfundo yasesikoleni yokufundwa nokubhalwa kolimi, kodwa ngifuna abanye benu nonke abathi imfundiso ayilungile, ukuthi, lowo ngudokotela, ukuba uthole iBhayibheli lakho, futhi uze lapha futhi ume eduze kwami phambi kwalaba befundisi, noma sukani emva kwami kusukela manje kuqhubeke, niyabo." Kunjalo. "Uma kuyithikithi lokudla kuwe, khona-ke ungazami ukukuxoxisana nami, nginento eyodwa, lokho ngukuthokozisa uKristu neZwi laKhe, futhi leyo yinhloso yami empilweni."

15 Futhi bangane, akulula lapho uthanda abantu, futhi nokho kufanele nje ubanqume babe yizicucu, awuqondile ukwenza lokho. Kodwa angakwazi kanjani umuntu ozoshumayela ngokuphefumulelwa asho noma yini ngaphandle kwalokho kuphefumulelwa okufikayo na? Uma ngike ngisho noma yini ephambene neZwi, khona-ke nginakise.

16 Isizathu, izikhathi eziningi phakathi kwabantu, ngaphandle lapho ngiseziyingini zezingqungquthela, Angikhulumi lutho ngaphandle nje kweqavile enkulu, iMfundiso yobuvangeli. Ngezinye izikhathi ngizama ukukhuluma ngokumelene nesono, nokusola izinto ezinjalo engibona abantu bezenza, nokuzama ukuphila njengezwe besalokhu bezenza umKristu. Kuyisikhubekiso esikhulu kunazo zonke iBandla elake laba nalo esinjengaleso, sifanele sibe ngaphakathi noma sibe ngaphandle, sinjalo, kodwa singazenzi into ethize lapho singenjalo, futhi ngakho kwenza kube nzima kakhulu.

17 Esikhathini esithile esedlule, umngane wami wavele wangibhalela incwadi, kwakukhona umuntu owayemi lapho eduze kwalomngane, wathi, "UMfowethu Branham ungumprofethi ngenkathi engaphansi kogcobo, kodwa," wathi, "ungalaleli ukufundisa kwakhe, akulungile."

18 Manje, ungacabanga umuntu asho lokho na? Umprofethi na? Ngani, yilowo iZwi leNkosi eliza kuye! Babenakho, kwakuyibo kuphela ababenokuhunyushwa kweZwi. Angiyena umprofethi, angizisho ukuthi ngiyinoma yimuphi umprofethi, kodwa ngithi, uma—uma noma yimuphi umuntu obengeke avume ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile, kungakhathaleki ukuthi kufanele sizisike kanjani thina uqobo...Asikwazi ukusika okwethu—okwethu...Sifanele sizisike ukuze silinganisane neZwi likaNkulunkulu, asikwazi ukusika okwethu—okwethu, iZwi likaNkulunkulu ukuze lilinganisane nesikucabangayo, sifanele sikugcine eZwini.

19 Futhi othile wafika esikhathini esingeside esidlule, wathi, "Lemfundiso, lento oyikholwayo," wathi, "uma iNgelosi yeNkosi yakutshela lokho, sizokukholwa." Iqembu labefundisi.

Ngathi, "INgelosi yeNkosi na? Uma isho noma yini ehlukile, bengingeke ngiyikholwe."

20 Ungazisekela kanjani wena uqobo phezu kwesehlakalo, noma umuzwa othile na? Udeveli angakwazi ukulingisa noma yimuphi umuzwa onga—ongawuveza. Ngizibonile zonke lezizinto, ngibone abantu, ngibone abahedeni besina emoyeni, bekhuluma ngezilimi, futhi baphuze igazi ogebhezini lwekhanda lomuntu, futhi babize udeveli. Ngibabonile abantu bememeza, futhi bengena, abakaMohamede, bezihlohle ngezincezu zezinkuni eminweni yabo baze bangabe besakwazi ngisho nokukuzwa, bathathe umkhonto, bese bewugijimisa ukhuphuke ebusweni babo *kanjalo*, bememeza, bedazuluka, bedumisa unkulunkulu wabo. Ubiza lokho ngoNkulunkulu na?

21 Ngibabonile bezibhoboza ngamahhuku okudoba, amabhola amanzi alenge *kanjalo*, futhi bahambe emlilweni amafidi ayishumi nanhlanu ukujula namafidi amane ukuvundla *kanjalo*, emuva naphambili, kungabi khona ukuhangula komlilo kubo, kungabikho ngisho nephunga lokusha. Ubiza lokho ngoNkulunkulu na? Akunjalo neze. UNkulunkulu uyiZwi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu," neZwi lisenguNkulunkulu. Sizokwahlulela kanjani na?

22 Umama wami uqobo, eya eZulwini esikhathini esingeside esedlule, wathi, "Billy, ubulokhu ungisekela ezintweni zokomoya, mina, futhi unginakekele, uqinisekile ukuthi angizange ngilambe."

23 Ngathi, "Mama, siyisizinda samaKatolika, siyakwazi lokho, singama-Irishi." Ngathi, "Ngenkathi ngiseyinsizwa futhi ngizwa ubizo lukaNkulunkulu," asizange siye esontweni, akukho namunye wethu, angikaze ngibe sesontweni empilweni yami, ngiyacabanga, ngaze ngaba yindoda, futhi ngathi, "ngani, ngaya ngale ebandleni eliKatolika, futhi bathi, 'Thina

siyiBandla.' Ngehlela kumaLuthela, bathi, 'SiyiBandla.' Ngale kumaBaptisti, 'SiyiBandla.'"

24 Awu, yiliphi eliyiBandla na? Kunamakhulu ayisishiyagalolunye *nento* yawo, akekho ongasekela ukukholwa kulokho; akekho ongasekela ukukholwa emuzweni. Munye kuphela Oqinisile, futhi lelo yiZwi likaNkulunkulu, "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi aliyikudlula."

25 U-Eva wavele wahumusha ngokungeyikho, noma, uSathane wenza ku-Eva, ingxenye encane nje yeZwi likaNkulunkulu, into encanyana nje, futhi ibangele yonke lenkathazo. Ngabe kunjalo na? Konke ukufa, zonke—zonke izingane, zonke izingane ezinekhanda elinamanzi, wonke amadoda akhubazekile, konke—konke ukufa, onke amathuna, nakho konke, kwakungomuntu oyedwa nje ekholwa ngokungesikho iZwi likaNkulunkulu ngokusonteka okukodwa okuncane. Futhi uma uNkulunkulu ubengeke akuvumele kudlule ngalesosikhathi, kangakanani-ke manje na? Sizoza eZwini, noma ngeke size nhlobo. Kunjalo.

26 Ngakho ungacabanga, uthanda abantu, abantu abathandekayo, nokuthi kubizani ukuma lapho futhi ungacabangi ukuthi uzothini, futhi ubone uMoya uqhumisa lezozinto, kodwa nokho, induduzo yaKhe enawe ukuMbona eza, abonise izinto. Ngingathatha. . .Noma ubani ocabanga ukuthi nganingumbhuli, isangoma, uyazi ukuthi yiso kanye isizathu esenza babulale uJesu na? Yona impela into, ngoba Wayibona imicabango yabo kanjalonjalo.

27 Uma ngifunde imicabango lapha izolo ebusuku, bengiyo—bengiyoba ne, enjalo. . .Uma uMoya oNgcwele ubungangivumela ukuba ngikhulume izolo ebusuku ngezinto ezinjalo ebeziqhubeka, ngabe ningiphonsele ngaphandle kwezwe. Abantu bayakumbambatha emhlane bathi, "Mfowethu," futhi ucabanga ukuthi ungumbhuli na? Awucabangi ukuthi ngiyakwazi lokho na? Angikwazi ukuba noMoya kaNkulunkulu ngaphandle kokuthi ngikwazi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina, naye uyakuyenza; engaphezu kwalena uyakuyenza, Ngiya kuBaba waMi." Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

Asikhuleke.

28 Baba waseZulwini, ake uMoya oNgcwele manje ukhulume nathi kulawamazwi ambalwa alandelayo. Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi kungabibikho noyedwa oshodayo ngoSuku lokwaHlulela, ukuthi sonke siyoba lapho, futhi sonke simbozwe ngeGazi leNdodana kaNkulunkulu. Sithethelele amacala ethu. SiyaKuzwa, usho ngesinye isikhathi, ngenkathi Usifundisa ukukhuleka, futhi Ufika endawaneni, "Usithethelele amacala ethu njengalokhu nathi sibathethelela abanamacala kithi," wabe-ke Usuma futhi wathi, "Uma wena, ngokusuka

enhliziyweni yakho, ungathetheleli yonke indoda isiphambeko sayo, noYihlo oseZulwini akakuthetheleli," ngakho sibona indawo esikuyo.

29 Nkulunkulu, ngithemba ukuphila ukuze ngibone usuku engingabona ngalo iBandla likaNkulunkulu ophilayo bonke bekleliswe njengebutho elikhulu likaKristu elilodwa, bonke bembozwe ngeGazi, wonke udade nomfowethu ongcwele, bemasha beya phambili ngamandla eZwi likaNkulunkulu. Wathi Uyobuyisela konke okwadliwa yizinkumbi, nezikhonyane, nezinkasa ekudlile, ngikholwa ukuthi Uzokwenza, Nkosi. Ngibambelele phambili ukuthi Ukwenze, futhi ngethemba ukukubona onyakeni wami, uma kungenjalo, ngizohlwanyela iMbewu yeZwi laKho, bese kuthi-ke lapho uMoya oNgcwele uwa, Uyokwenza . . .

30 Siyabazi abalungileyo, imvula inela abalungileyo nabangalungile, imvula efanayo enisela ukolo, inisela ukhula, kodwa, Baba Nkulunkulu, ekuphileni kwethu masingahlwanyeli lutho ngaphandle kweMbewu yoqobo kaNkulunkulu, ngakho-ke lapho uMoya ufika futhi wehlela phezu kwaYo, sengathi Ingaveza umfanekiso kaJesu Kristu, kuyindodana noma indodakazi kaKristu. Ngiyacela, eGameni likaJesu. Amen.

31 UNkulunkulu anibusise ngokucebile nonke. Izibusiso zami nani, ukuthula kwami kini. Futhi angikwenzi . . . Ngiyafisa futhi ngithemba ukuthi ngolunye usuku kokuningi, uma kungasekho kulelizwe, kuleloZwe elizayo lapho sibizelwa ukubhekana noKristu, ukuthi icilongo likhale, abafileyo kuKristu bayovuka, ukuthi ndawonye, ukubumbana okukodwa okukhulu, sizohamba ukuyoMhlangabeza.

32 Ngifuna ukukhuluma nje, nginewashi lapha, ngingalihlela futhi ngilenze imizuzu engamashumi amathathu ncamashi, futhi lokho kuzoba nje ngeleshumi nqo impela, futhi uma uNkulunkulu ethanda, ngizoqeda khona lapho-ke. Umzuzwana nje wesikhathi sakho, uma uzowuchitha, kancanyana nje.

33 Manje, kusasa ntambama, kinina bantu baseChicago, khiphani abagulayo benu nabahluphekile, kusasa ntambama, eMather kuzoba khona, inkonzo yokuphulukisa. Lokho kunjalo, Mfowethu Carlson, akunjalo na? Ngibuze uMfowethu Joseph ukuthi kuzolunga yini, uthe ubeqinisekile ukuthi kuzoba njalo, ngakho lokho kulungile. Bese kuthi-ke ngoMsombuluko umhlangano omkhulu wobuthunywa benkolo kaMfowethu Joseph, lomfo omncane onomusa esimthandayo sonke.

34 Ngikhuluma nje kumfowethu lapha ukuthi, ngikholwa ukuthi wangiyisa ngale kuMfowethu *Hegre* ngalesosikhathi, uHegre, ngenkathi ngithola incwadi ebukhali evela kuye, futhi iNkosi yasinika lawomaZwi amakhulu, futhi ngicabanga ukuthi mhlawumbe amashumi amane noma ngaphezulu emukele uMoya oNgcwele phandle lapho ekolishi lamaLuthela.

Ungakucabanga lokho na? Kodwa lapho efika, futhi, wacabanga ukuthi kwakuyisangoma, into ethile ephucuziwe, kodwa ngenkathi eqotho ngokwenele ukuba ahlale phansi ngaseZwini likaNkulunkulu, lase-ke lifika kuye, nalokho kwenza umehluko.

35 Manje, ngizofunda kuJohane oNgcwele, isahluko 1 sika, hhayi uJohane oNgcwele, ngiyaxolisa, kaJohane wokuQala, isahluko 1, 1:7. Sonke masifunde lelivesi:

> *Kepha uma sihamba ekukhanyeni, njengalokhu yena uqobo esekukhanyeni, sinenhlanganyelo omunye nomunye, negazi likaJesu Kristu iNdodana yakhe liyasihlambulula kuso sonke isono.*

36 Ngifuna ukukhuluma umzuzwana nje ngomcabango wokuthi *Inhlanganyelo*. Futhi lokhu kuyingqungquthela, sonke siyazi ukuthi ingqungquthela yisikhathi senhlanganyelo. Futhi sinakho. . . Ngiyayithanda inhlanganyelo, ngiyathanda ukuza emhlanganweni wenhlanganyelo lapho esingaba khona nenhlanganyelo.

37 Futhi uma nizongixolela, ngemva kokufunda indikimba yami, ukuthi nge—ngenza ukuphawula ku—kumfowethu ohlezi lapha, uMfowethu Tommy Nickel. Ngijabula kakhulu, lapho ubhala lesosihloko, noma—noma, kwe, eyakho, i*Voice* yeBusiness Men, mayelana nombono wokuya eZulwini, wakubeka ncamashi ngendlela okwakuyiyo. Ngiyabonga, Mfowethu Tommy. UNkulunkulu akubusise ngalokho.

38 Manje, ngokuthi *Inhlanganyelo*, enhlanganyelweni, wonke umuntu uyayifuna. Kulobubusuku, lapho ehhotela labahamba ngezimoto, bebenenhlanganyelo. Kwakuyini na? Ngokuphuza. Babenakho, bahamba futhi bayolanda amabhodlela amaningi nobhiya ngapesheya emathaveni, futhi nampa lapho bonke babekhona, ogogo nomkhulu, bephuza futhi beqhubeka, izinto ezingcolile kunazo zonke ukuba ngangifanele ngizenze, endlini eshisayo, kwadingeka ngehlise amafasitela futhi ngilivale, ukuze ngingawuzwa umsindo omkhulu oqhubekayo. Futhi kubukeka kimi sengathi, uma siphila esizweni samaKristu, lokho bekungafanele kuvunyelwe ngisho. Kodwa ngikutshela into eyodwa, uqala ukuklabalasa futhi umemeze, futhi ubhekisise ukuthi lokho kuthatha isikhathi esingakanani, kuzoba khona okuthile okushiwoyo ngalokho ngokushesha impela, nokho, siku "Melika engumKristu."

39 Ngama egumbini, ngahamba, namuhla, ukuyodla idina endaweni encane. Uma ngike ngize lapha futhi, ngizodla idina *ngapha*, uma ngingangena futhi ngizitholele igumbi ndawondawo. Ngahamba ngayodla idina endaweni encane, futhi ngobuqotho babenalowo dum-dumu omdala, niyazi, umculo wokuzibinya. Ngiyisithunywa senkolo. Ngiyeza. . . Kade ngiphakathi, phakathi le kumaLawu, nasezansi emenweni yase-Afrika, ngakuzwa lokho emuva lapho, kodwa

angizange ngicabange ukuthi ngikuzwe eMelika. Futhi nakho kwakuqhubeka, futhi bonke beqhubeka, ngavele ngagula, futhi uBilly nami sasukuma, futhi sahamba, futhi saya kwenye indawo. Futhi—futhi babengenakho phakathi lapho, ngathi, "Bheka ngaphakathi, futhi uma benelinye lalawo mabhokisi amadadlana okudlala umculo, asingeni, sikuyeke nje."

40 Ngathatha umndeni wami kwenye, ngesinye isikhathi ngihamba, babekudlala, ngahamba ngaya lapho, ngathi, "Mnumzane, ngiyisithunywa senkolo, futhi ngidinga wonke upeni enginawo, kodwa nginomndeni wami, futhi sonke silambile, sekuphele cishe amahora amathathu sizama ukuthola indawo yokudla. Ngizokunika imali eyiphepha amadola amahlanu uma uzokhipha leyopulaki lapho, ngize ngiqede ukudla."

41 Kwamenza waba namahloni kakhulu ngaye uqobo, wathi, "Gcina amadola akho amahlanu nje. Uma unesibindi esingako," wathi, "vele ukuyeke." Ngakho yilokho-ke. O, "iMelika engumKristu," kusobala, yebo, "iMelika engumKristu."

42 Sizame konke. Banenhlanganyelo eduze kwalolohlobo lwezinto. Amagwababa anenhlanganyelo phezu kwesidumbu esifile, kodwa amajuba adla ukudla kwamajuba, anenhlanganyelo ensimini kakolo. Futhi ngakho kuya ngokuthi yini okwakho. . .lokho oyikho. Ijuba alikwazi, manje alikwazi ukuhlanganyela namagwababa namanqe, ngoba alinayo inyongo, akukho okubabayo ngalo, lalingenakukudla, bekuyolibulala. Futhi umKristu angeke ahlanganyele ngalapho kanjalo, bekuyobulala wona kanye uMoya owawukuye, kudabukise uMoya oNgcwele futhi Ubuyosuka.

43 Manje, sizama ukuthola inhlanganyelo nezizwe, sichitha izigidigidi zamadola, silinikeza izizwe zakwamanye amazwe ukwenza inhlanganyelo, futhi ubukhomanisi busabalala ezweni lonke ngokufanayo nje. Niyabo?

44 Lapha esikhathini esingeside esidlule, ngani, awu, saba nempi, futhi ezinye zezinto, zadutshulwa zabuyiselwa kithi zenziwa e U.S.A. Niyabo, bezama ukuthumela lezo ngale izinto, nezinto ezinjalo, futhi bakudubula bakuphindisele kithina. Ungeke uthole inhlanganyelo kanjalo, angeke nje ukwenze.

45 Manje, sizamile, khona-ke, ukufundisa abantu enhlanganyelweni. Ayikho indlela yokufundisa abantu ukuhlanganyela, uya kude kakhulu ngaso sonke isikhathi. Ibandla lalahlekelwa ubuzibulo balo ngenkathi lemukela imfundo, esikhundleni sensindiso, ukuzama ukuletha abantu ekwazini uKristu. Bazama ukwenza ihlelo ukuhlanganyela, ungeke ukwenze, ngoba udweba umugqa womngcele, unqamule omunye umfo, ungeke ukwenze. Ayikho indlela uku—ukuhlanganyela kokwamahlelo. Awusoze wakwazi ukukwenza,

ngoba ihlelo ngalinye, loMkhandlu WamaBandla oMhlaba, ngani, balwa bodwa, bazisika uqhoqhoqho wabo.

46 Bangake bayithole kanjani inhlanganyelo, kuyilapho abantu phakathi lapho bengakholelwa ngisho nakuNkulunkulu na? Abaphikinkolo nakho konke okunye! Ungakwenza kanjani . . .? UJesu wathi, "Bangahamba kanjani ababili ndawonye, bengavumelananga na?" Ungakwenza kanjani na? Yinye kuphela indlela ongahamba ngayo nenye indoda, yilapho uvumelene nayo. Ngakho uzonqunywa kanjani emahlelweni nokunye nokunye, futhi wenze isivumelwano, lapho omunye ezihlukanisa nomunye na?

47 Kanti futhi, uNkulunkulu ufuna sihlanganyele. Kukhona okuthile kukho ukwenza inhlanganyelo. Umuntu ubehlala efuna ukukwenza, kodwa uhlale ezama ukuzuza ngolwazi lwakhe uqobo ukuthi ukuletha kanjani, futhi akasoze akwazi ukukwenza.

48 Yinye kuphela indawo yenhlanganyelo yoqobo, futhi leyo ingaphansi kwegazi elichithiweyo longenacala. Yileyo ndlela kuphela esingaba nakho ngayo. "Besingaba nenhlanganyelo uma wonke amabandla abengaba iLuthela." "Uma lonke ibandla belingaba yiBaptisti," noma kanjalonjalo, "besingaba nenhlanganyelo ngaphansi kwamalungelo ehlelo." Kodwa thina, esifunda iBhayibheli, siyazi ukuthi lezizinto zisenza singavumelani.

49 Manje, into kuphela esingaba nenhlanganyelo ngaphansi kwayo, kufana nokuthi sihlezi lapha kulobubusuku, amaMethodisti, amaBaptisti, iLuthela, iPresbyterian, kumbe noma yini enye, lapho singaphansi kwegazi elichithiweyo longenacala, lokho kwakuyisidingakalo sikaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu akalushintshi neze uhlelo lwaKhe. Lapho uNkulunkulu eke wenza isinqumo, kufanele Ahlale naleso sinqumo kuze kube phakade.

50 Manje, Akanasiphelo. Si—asibona abangenasiphelo, si—siyizidalwa ezifayo, ngakho-ke singabanesiphelo, ngakho-ke angeke sibe—be okungenasiphelo. Ngakho-ke senza izithembiso, wena wenza izithembiso, ufanele uzephule. Wenza okuthize namuhla, futhi kusasa wazi kabanzi ngakho, ukuze ukwenze kangcono kusasa. Ngonyaka ozayo usengakwenza kangcono kunalokho owakwenza ngalolosuku, ngoba ufunda kabanzi ngakho, ngoba singabanesiphelo, sibophezekile ku—kulamazinga amancane amathathu esiphila kuwo.

51 Kodwa uNkulunkulu akanasiphelo, ngakho-ke, uNkulunkulu angakhuluma kanye futhi khona, isinqumo saKhe siphelele, futhi asisoze saguquka, kungalesosizathu:

> Ukholo lwami alakhelwe kwilutho
> KuneGazi likaJesu nokulunga;

Konke okusemphefumulo wami kuyahlakazeka,
Khona-ke Uyithemba lami nokuhlala kwami.

Ngokuba kuKristu, iDwala eliqinile, ngimi;
Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo.

52 NoKristu uyiZwi, UyiZwi. Phezu . . . Washo ukuthi "Kodlula amaZulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze ledlula." Akukho nelilodwa iZwi laLo elingehluleka, ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu. Wena ungeke . . . ENcwadini yokugcina, yeSambulo, Yathi, "Noma ubani oyokhipha iZwi elilodwa kuLena, noma enezele izwi elilodwa kuYo, okufanayo kuyokhishwa, ingxenye yakhe eNcwadini yokuPhila."

53 Ngakho-ke, noma yisiphi isivumokholo, noma yini enye eyonezela noma yini eZwini likaNkulunkulu, noma isuse noma yini kuLo, kungukufa ukwenza njalo, njengoba kwakunjalo ku-Eva ekuqaleni. Kuyisigwebo sentambo ukuthatha noma ukwengeza, Lithathe nje ngendlela eLikusho ngayo. IBhayibheli lithi, "Alihunyishwa ngasese." SeLivele lihunyushiwe, vele uLifunde futhi uLikholwe. UNkulunkulu uyaliqapha iZwi laKhe ukuLigcina, ngakho-ke LiyiZwi laKhe, okufanele sime kukho.

54 Manje, indawo kuphela, ngakho ukukholwa iZwi laKhe, indawo kuphela, phansi kweGazi elichithiweyo yindawo yenhlanganyelo, lapho wonke umuntu engabuthana khona futhi ezwe okufanayo, ngoba kungaphansi kwendawo eyodwa yeGazi elichithiweyo. Manje, ukubeka ukukholwa kwakho phezu kwanoma yini enye, ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu, yizihlabathi ezibishayo. Noma ngabe kuyini, kuseyizihlabathi ezibishayo. Kufanele kube yiZwi. Yiqiniso lelo. Siyakukholwa lokho.

55 Yingalesosizathu nginokukholwa kokukholwa lokho, yonke into uNkulunkulu ayithembisa. Manje, ngithi uNkulunkulu angenza izinto ezingalotshiwe eZwini, okuyiqiniso, kodwa njengo lo- . . . Kufanele ngizibuze ngalokho, kodwa inqobo nje uma Enginika lokho Akwethembisa *Lapha*, Ngiyokwenelisw a yilokho nje Akwethembisa, khona-ke ngiqinisekile ukuthi ngiqinisile. Hlala neZwi laKhe, iZwi laKhe alinakuguquka, ngokuba uma Engaguquka, khona-ke uNkulunkulu angaguquka, uma iZwi lingaguquka, uma iZwi lidinga ukuguqulwa, khona-ke uNkulunkulu akasuye uNkulunkulu.

56 Uma uNkulunkulu ehlangana nomuntu, futhi phezu kwesisekelo sokukholwa kwakhe, phansi kwegazi elichithiweyo, wasindisa umuntu wokuqala, u-Adamu, Ufanele ahlale njalo njalo engaphansi kohlelo olufanayo, uma Engenzanga, Wenza okuthile okungalungile ngenkathi Enza isinqumo saKhe sokuqala. Uma uNkulunkulu asindisa umuntu, futhi ukuphela

kwendlela Amsindisa ngayo kwakungegazi elichithiweyo lewundlu elingenacala, uma leso bekuyisisekelo uNkulunkulu anquma ukusindisa ngaso umuntu, noma yini, uma Eke akuguqulela esivumweni sokholo somuny'umuntu, noma ibandla, noma imfundiso-ze ethile, khona-ke uNkulunkulu wenza isinqumo esingalungile ensimini yase-Edene, ngoba umuntu wokuqala Ake amsindisa, Wamsindisa ngesisekelo sokukholwa kwakhe egazini elachithiweyo lewundlu elingenacala, kwakuyindawo kuphela lapho ayengeza khona.

57 UNkulunkulu wakhetha indawo, wabiza u-Adamu no-Eva, futhi wachitha igazi longenacala futhi wabasibekela ngempahla yalona ongenacala, benegazi phezu kwabo. Leso kwakuyisisekelo sokuthi umuntu wayengakhuluma noNkulunkulu, futhi ezwe iZwi laKhe, futhi athole iZwi laKhe, kwakungaphansi kwegazi elichithiweyo.

58 Futhi ukuphela kwendlela abantu, noma amabandla, noma abantu bayoke bazi iqiniso langempela ngoNkulunkulu, ukungena ngaphansi kweGazi elichithiweyo Longenacala eBukhoneni baKhe, khona-ke uMoya oza phezu kwenu uzofakaza ukuthi leliZwi liqinisile, lonke iZwi laLo, futhi aLidingi ukulungiswa ndawo. Kunjalo. Ku—kufanele kuhlale kunjalo, ngoba UnguNkulunkulu, nesinqumo saKhe sifanele siphelele, futhi siphelele kuze kube phakade.

Ake siqhube into, imizuzwana embalwa nje. Into yokuqala niyazi imizuzu yami engamashumi amathathu izophela futhi ngeke ngiqale.

59 Manje, nangaphansi kweGazi elichithiweyo. . .Manje, siyaqonda ukuthi iNcwadi endala kunazo zonke eBhayibhelini nguJobe, iNcwadi endala kunazo zonke elotshiwe. Yalotshwa ngaphambi kokuba uMose alobe uGenesise, kwathi yalotshwa ngaphambi kokuba uMose alobe uGenesise, njalo.

60 Manje, qaphelani, uJobe, indoda elungile, indoda emesabayo uNkulunkulu, yonke into imelene naye ngelinye ilanga, uSathane wathatha umqondo wokumenza aphike uNkulunkulu. Futhi ngenkathi enza, uJobe. . .Ngiyakuthanda ukufunda uJobe. Abantu abaningi bathi iyimfumbe, akusiyo, yiZwi likaNkulunkulu. UJesu wabhekisela kuJobe ngokuthi, "Awuzwanga ukubekezela na?"

61 Kungakhathaleki ukuthi kwakwenzekani, ukuthi wayehlushwa kangakanani, wayebizwe kangakanani ngokuthi wayeyi, endleleni engalungile, uJobe wahlala wanganyakaza eZwini, ngiyakuthanda lokho. Wathi, "Mhlawumbe abantwana bami bonile, ngizobanikelela umhlatshelo."

62 Manje, into kuphela indoda eyayiyazi kwakungumnikelo wokushiswa, lokho kwakuyisidingakalo sikaNkulunkulu. Futhi abantu abaningi bayacabanga, ngesinye isikhathi, ngoba inhlekelele yehlela umKristu, "O, wehla entandweni

kaNkulunkulu. Bashiya ibandla, baphuma. . .” Kwesinye isikhathi lokho akunjalo, ngoba uNkulunkulu uyalaya yonke indodana eza kuYe, Uyayihlanza, futhi ayihlambulule, futhi uyayivivinya, ukubona ukuthi izoma yini, yilokho Ayekwenza ngesikhathi sikaJobe.

63 Ngashumayela ngoJobe ngesinye isikhathi cishe izinyanga eziyisithupha lapho ngalusa, kwakukhona inenekazi elalinokuba qotho ngokwanele, ngamkhuphulela kuleyonduduma yomlotha, ehlezi phandle lapho, niyazi, wonke egcwele amathumba nocwezu lokhamba enwaya amathumba akhe, futhi owesifazane wathi, “Mfowethu Branham, uzoke umehlise uJobe kuleyondunduma yomlotha na?”

64 Cishe amaSonto amathathu, kodwa ngangikwakhela ngapha nangapha ukuze ngikwenze: wayelapho-ke, wayengumprofethi, wayengogcotshiweyo kaNkulunkulu, futhi into kuphela indoda eyayazi ukuyenza kwakungukuhlala neZwi, yilokho kuphela. Bafika futhi bathi, “Jobe, uyazi ukuthi wenze okungalungile. Bheka ukuthi kwenzekeni kuwe, wonke umuntu ukufulathele, futhi lapha abangani bakho sebehambile nakho konke, futhi ukuphela kwento ongayenza ukuhlala phandle lapha, bheka, ungobukela elusizi odabukile, unamathumba nakho konke okuqhume kuwe, futhi bheka isimo sakho.” Kodwa uJobe wathi wayengonanga, ngoba wayeza ngendlela kaNkulunkulu emisiwe ngaphansi kwegazi elichithiweyo.

65 Khona-ke uNkulunkulu ubophezelekile kumuntu ozoma kanjalo. Wamdedela wehla waya kumuntu wokugcina, ngisho nakumkakhe, waphuma wathi, “Jobe, kungani ungathuki uNkulunkulu ufe na?” Cabanga nje, umkakhe uqobo wamjikela. Futhi ngoba othile uzosijikela futhi acabange ukuthi siyahlekisa futhi siyinqaba. . .Bonke abantu bakaNkulunkulu bayahlekisa futhi bayinqaba ezweni. Impela, banjalo, “Niyisizwe esiyinqaba, ubupristi bobukhosi, ninikela imihlatshelo kuNkulunkulu, izithelo zezindebe zenu zidumisa iGama laKhe.”

66 Manje, siyaqaphela ukuthi ngisho umkaJobe wamjikela, wamfulathela futhi wathi, “Kungani ungathuki uNkulunkulu futhi ufe na?” Ngamanye amazwi, “Ubukeka ulusizi. Kungani ungavele uthuke uNkulunkulu futhi ufe na?”

Wathi, “Ukhulumisa okomfazi oyisiwula.”

67 Manje, akakaze ambize ngesiwula, wathi ukhuluma njengaye, akakaze athi wayeyisiwula. Empeleni, ake ngi, ngiyakulungisa lokhu: Kwezinye izikhathi lapho nginibizela phansi bodade, angisho ukuthi ungowezwe, kodwa ngezinye izikhathi ubukeka njengaye. Ngakho a—a—angisho ukuthi uyokwenza okungalungile, kodwa ngezinye izikhathi ugqoka njenge—njenge, kufana nalo, uyabo. Ngakho uJobe watshela umkakhe. . .Ngeke ngingene kulokho. UJobe watshela umkakhe, wathi, “Ukhulumisa okomfazi oyisiwula.”

68 Futhi emva kwesikhashana . . . O, uNkulunkulu uhlala ethembekile lapho siza ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. UJobe wathi, “Ngenzile isivumo sami. Ngiwushisile umnikelo.” Yilokho kanye uNkulunkulu ayekudinga. Wakhonza uNkulunkulu ngaphansi kwegazi elichithiweyo, futhi khona manjalo khona-ke uMoya wehlela phezu komprofethi, futhi imidumo yabhonga, futhi kwabaneka imibani, futhi wathi, “Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila, futhi ngezinsuku zokugcina, nakuba ngemva kokuba izibungu zesikhumba ziwubhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, Engiyakuzibonela mina ngokwami.” Niyabo, ngaphansi kwegazi!

69 Nakho kuhlezi bonke abanye kude kakhulu njenganoma yini, kodwa uJobe ehlezi ngaphansi kwegazi eneZwi. Yilokho-ke, phansi kweGazi eneZwi. Kungakhathaleki ukuthi kuba mnyama kanjani, qhubeka nje. Bambelela eZwini likaNkulunkulu elingaguquki, yehla ngqo, uma ubambe iZwi, unesandla saKhe, qhubeka wehle.

70 Kwase kuthi-ke, yena engumprofethi, imibani yabaneka futhi wabona umbono wokuza kukaNkulunkulu, wayazi ukuthi izibungu zesikhumba sakhe ziyowubhubhusa umzimba wakhe, kepha wathi, “Nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, Engiyakuzibonela mina ngokwami, amehlo ami ambone, kungabi omunye. Ngokuba asilethanga lutho ezweni, kuqinisekile ukuthi asikhiphi lutho. INkosi iphile, iNkosi ithathile; malibongwe iGama leNkosi.” Wahlala kulelogazi elichithiweyo neZwi, isithembiso. Wayengowomoya, wayengumprofethi. Kubukeka sengathi uNkulunkulu Wamfulathela, kodwa nje ukuzama nokubona ukuthi wayezohlala yini neZwi.

71 Sonke sivivinyiwe, wonke umKristu, yonke indodana, wonke umntwana oza kuNkulunkulu uvivinywa ngeZwi, abone ukuthi uzothembeka yini kuLo. Lapho kufika kwelamanqamu, yisiphi isinqumo ozosenza na? Yilokho-ke. Nalowo ongekumele ukujeziswa, kodwa aqhubeke nezwe, ungumntwana wesihlahla, futhi hhayi indodana noma indodakazi kaNkulunkulu, impela akunjalo.

72 Manje, kodwa umqondo kamoya uyalibamba iZwi, ahambisane naLo, noMoya wehla ngaphansi kweGazi elichithiweyo bese uthatha lowomuntu.

73 U-Israyeli wayenendawo eyodwa yokuhlangana yenhlanganyelo, yinye kuphela indawo u-Israyeli ayengahlangana kuyo noNkulunkulu, leyo kwakungaphansi kwegazi elichithiweyo. Ayikho enye indawo uNkulunkulu ahlangana nabo kuyo, kodwa ngaphansi kwegazi elichithiweyo.

74 Manje, siya ngale kuNumeri isahluko 19 okomzuzwana nje ukukucaphuna, ngeke ngibe nesikhathi sokukufunda, kodwa nje

ukukucaphuna. Siyathola kuNumeri 19 sithola lokhu, ukuthi uNkulunkulu watshela abantwana bakwa-Israyeli ohambweni lwabo, wathi, "Ngitholeleni ithokazi elibomvu elingakaze lifike ejokeni." Kuyini lokho na? Lokho kusho okuthile.

75 Ukuba besinesikhathi besingangena kulezozifanekiselo, ithokazi elibomvu, lifanele libebomvu, lingabi nebala kulo, libebomvu. Okubomvu umbala omubi ngomqondo owodwa wegama, kodwa okubomvu umbala wokubuyisana. Senake nazi, ngokwesayense, okubomvu ngokubomvu kubukeka kumhlophe na? Kulungile. Okubomvu ngokubomvu, ubheka okubomvu ngokubomvu, kubukeka kumhlophe. "Noma izono zakho zibomvu njengegazi," kodwa lapho uNkulunkulu ebuka kuzo nge—ngeGazi elichithiweyo leNdodana yaKhe, umhlophe njengeqhwa, okubomvu ngokubomvu, awukho omunye umbala okwenzayo, okubomvu ngokubomvu kubukeka kumhlophe, futhi yileyondlela uNkulunkulu akubuka ngayo wena. Nakuba wena, akunandaba ukuthi uyini, uma ungena ngaphansi kweGazi elichithiweyo, uNkulunkulu akakuboni, kodwa Ubuka ngeGazi, futhi nakuba izono zenu *ziningi kakhulu*, nokho nibukeka nimhlophe njengomnduze kuYe.

76 Isithole esibomvu esingenawo amabala, akufanele neze sibe nejoka entanyeni yaso. Ngingaqhumisa lokho kube yizicucu khona manje, asiboshelwanga nanoma yini, kunjalo, akukho nhlangano engakholwayo, sihlala sikhululekile. Khona-ke sasizoba yini na? Umhlatshelo. Khona-ke sasizoshiswa, sibulawe kusihlwa, e, hhayi ekuseni, kusihlwa, khona-ke sizoshiswa, futhi umlotha waso wawuzobekwa eceleni ukwenzela amanzi okuhlukanisa. O, yeka isigameko esihle lokhu okuyiso, uma nje singangena kuso, ukuthi amanzi, noma, umlotha, wawuzobekwa kanjani, wenziwa amanzi okuhlukanisa. Ngakho-ke, babezothatha igazi laso futhi benze imisho eyisikhombisa phezu komnyango lapho owangena khona ebandleni, uphuma egcekeni wangena ebandleni, endaweni engcwele, futhi khona-ke uMoya wawusendaweni eNgcwelengcwele.

77 Qaphelani, manje, isithombe esihle kanje lapha! Ngethemba ukuthi lemizuzu emihlanu noma eyisithupha ezayo ningakubamba. Qaphelani, eNgcwelengcwele, nendlela yokusondela eyenzelwe umuntu ongcolile, babenezinqubo ezithile okufanele bahlangabezane nazo. Okokuqala, ongcolileyo kufanele angene emagcekeni angaphandle, futhi lapho afafazwe ngamanzi okwehlukana. Ayini amanzi okuhlukanisa na? IBhayibheli liyasitshela ukuthi sigezwa ngamanzi eZwi lokwehlukana. Ngakho-ke, iZwi liyasehlukanisa nokungakholwa kwethu. Isivumokholo singakwenza kanjani na? YiZwi, iZwi liyasehlukanisa, LiyiNto esazisayo ukuthi sinephutha. Uma uke waya ebandleni elathi, "Kulungile ukwenza *lokhu*," wase uza ngapha, futhi kwathi, ngapha, "futhi

wenze *lokho* . . . " Wozani eZwini; iZwi yilo elisihlukanisayo.

78 Futhi manje, qaphelani, enye into. Ngithemba ukuthi nizongixolela uma ngeqa lesisikhathi. Qaphelani, enye into. Kuhle kakhulu ukukuyeka. Ofafaze lamanzi okuhlukanisa ufanele abe nezandla ezihlanzekile, futhi lokho kufanele kugcinwe endaweni ehlanzekile. Amanzi okuhlukanisa awakwazi ukuhlala endaweni enyanyekayo, kufanele agcinwe endaweni ehlanzekile.

79 Amagceke angaphandle, kuyini na? Isoni esiza futhi sizwe iZwi futhi sakhe ukukholwa kuso ukuthi LinguNkulunkulu. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu." Manje, yini esizama ukuyenza na? Ngena enhlanganyelweni. Manje, umuntu wezwa iZwi, walikholwa iZwi, futhi wafafazwa ngaleyonkathi ngamanzi okwehlukanisa, nokho wayengekho enhlanganyelweni, qhabo, mnumzane. Manje, nina baqavile, ngifuna nibheke lokhu: Wayesalokhu engekho enhlanganyelweni.

80 Khumbulani, lapho u-Israyeli ekhuphuka ephuma eGibhithe, uMowabi wahlangana naye futhi akamvumelanga ukuba abe nemvuselelo ezweni lakhe, kwakungekho-kubambisana. NoMowabi wakholwa nguNkulunkulu ofanayo u-Israyeli akholwa kuye. Bahamba base beyisa umbhishobhi wabo phezulu lapho, uBalaki, bamehlisa lapho, futhi wayeqave nje njengoba u-Israyeli wayenjalo, u-Israyeli, lowo mzulane, akukho ndawo angaya kuyo. Lesi sizwe esikhulu, esihlelekile lapha, sindawonye, bakhipha osaziwayo babo ukuba baqalekise lesosigejane samambuka, basho, bekhuphukela lapho.

81 Bakhohlwa ukuthi lesi sigejane sabantu, esasingenayo indawo esingaya kuyo, kodwa babewuzulane nezihambi nabafokazi, behluleka ukubona leyoNsika yoMlilo ihamba phambi kwabo, behluleka ukubona leyonyoka yethusi, naleloDwala elishayiweyo libalandela, nakuba babenze iphutha.

82 UBalamu wacabanga, "Impela, mina ngingumuntu oqavile, ngizokwenza impela." Futhi wakha ama-altare ayisikhombisa, yilokho uNkulunkulu ayekudinga, inombolo ephelele. Wabeka izinkunzi eziyisikhombisa ezihlanzekile, khona impela lokho u-Israyeli ayenakho. Ama-altare ayisikhombisa yilokho u-Israyeli ayenakho, izinti zezibani eziyisikhombisa, kanjalonjalo, inombolo ephelele, futhi nangu lombhishobhi enza into efanayo impela, imihlatshelo eyisikhombisa ehlanzekile, futhi kanjalo nezinqama eziyisikhombisa, ekhuluma ngokukholwa ukuthi iNdodana kaNkulunkulu, iWundlu likaNkulunkulu, laliza.

83 Ukhuluma ngokuqavile, uqavile njengoba u-Israyeli wayenjalo, kodwa wayengenawo uMoya, wayengekho enhlanganyelweni noNkulunkulu. Uma lokho kunjalo, uNkulunkulu kufanele aphendule koqavile, khona-ke Wenqaba ngempela umuntu ongalungile, ngani, Wayezofanele emukele

uMowabi, futhi Wayefanele emukele u-Israyeli naye. Uma kuphela uNkulunkulu ethatha ukukhonza, ibandla, i-altare, uKayini wayengoqavile njengoba nje u-Abela wayenjalo, uKayini wakha i-altare, uKayini wenza umhlatshelo, uKayini wakhonza. I-altare, ukujoyina ibandla, umhlatshelo, isivumokholo, nazo zonke lezizinto, uma kuyilokho kuphela uNkulunkulu akudingayo, Wayenephutha ngenkathi Elahla uKayini, ngoba uKayini wafika ngaleyondlela esisekelweni esifanayo u-Abela asenza. Kunjalo impela.

84 Kodwa kwakuyini na? Ngesambulo, ngesambulo, hhayi ngemfundo, kodwa ngesambulo. U-Abela wabona ukuthi kwakungebona obhanana, noma ama-aphula ayedliwa ngu-Eva, futhi wanikela ngegazi, futhi uNkulunkulu wakwamukela. Kwembulwa kuye.

85 Yingalesosizathu uJesu athi, qobo lwaKhe, ngenkathi Ehla eNtabeni yokuGuqulwa isimo, wathi, "Nithi Ngingubani?"

86 "Omunye wathi, 'UMose, u-Eliya,' kanjalonjalo." Amandla angaphezu kwawemvelo anyakazisa izinto ezinjalo. Kepha uPetru wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo." I. . .

87 Futhi Wathi, "Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJona, inyama negazi akukwambulelanga lokhu. Awukaze ukufunde ekolishi lezenkolo, bekungelona iZwi nje ngokuphelele. Kodwa uBaba waMi oseZulwini, ukwambulile lokhu kuwe."

88 Manje, ibandla eliKatolika lathi kwakunguPetru abakhela phezu kwakhe ibandla, amaProtestane athi kwakunguKristu, ngendlela yami yokubona, kwakungekho nokukodwa. Kwakuphezu kwesambulo seZwi, ngoba Wathi, "Wena unguPetru, futhi inyama negazi akukwembulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi, oseZulwini, ukwambulile kuwe. Naphezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi; namasango esihogo angeke aLahlule." Kuzokhombisa ukuthi lonke isango lesihogo lizomelana naLo, kodwa alisoze lanqoba, iZwi liyoqhubekela phambili ngqo ngokufanayo nje. "Phezu kwalelidwala Ngakha iBandla laMi." Kubonisile ukuthi yonke into iyomelana naLo, kodwa angeke yanqoba, Liyoqhubekela phambili ngokufanayo nje.

89 Manje, amanzi okwehlukanisa, esehlukanisa, esivumela ukuba siqonde ukuthi siyizoni, ukuthi singabaphambukayo. Yingakho ngikwazile ukuyigqonqa into, yingakho noma yimuphi umfundisi ubefanele ame amelane nanoma yini uNkulunkulu athi ayilungile ukuba yenziwe. Ugcwaliswe ngoMoya uyokwenza, ngokuba kuvela eZulwini, niyabo, ngokumelene nokungalungile, akufanele akwenze lokho. Amanzi okuhlukanisa lawo.

90 Nokho lokho kwakungenele, waqonda, lokho kwakuwulwazi lwakhe, ingqondo yakhe, isibeletho somqondo wakhe,

izinkundla zempi lapho izimpi zilwelwa khona, engqondweni. Bese-ke ekulahla eceleni, uyakwamukela ukuthi kuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Ingabe usekulungele ukuhlanganyela manje na? Qha, qha. Lowo kwakunguMlayezo kaLuther. Kwahamba kwafika . . . Uyahamba, uqonde ngendlela efanele manje. Uhamba ngayiphi indlela na? Ngasebandleni. Nangu wehlukanisiwe *lapha*, ngamanzi, ukugezwa kwamanzi eZwi, wehlukanisiwe esonweni sakhe.

91 Manje, uyaphenduka, khona-ke ufanele aqonde imisho eyisikhombisa. Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi sokungena kulokho, iminyaka yebandla eyisikhombisa, izinti zezibani eziyisikhombisa, okufanayo, yonke—yonke iminyaka, lonke ibandla, yonke enye into, kufanele iqonde ukuthi KuyiGazi, lonke ikholwa. Usephakathi, hhayi enhlanganyelweni, ibandla lingaphakathi likhonza, kodwa ungaphandle lapha ezilungiselela. Usaphikisana nehlelo nenhlangano, konke okunye.

92 Kodwa lapho engena ngaphansi kwegazi, wenzani lapho ebuka lelogazi na? Liyaqonda, kumenza aqonde ukuthi kunento ethile eyafa futhi yachitha igazi layo, futhi yahamba phambi kwakhe ukwenza indlela yenhlanganyelo. Khona-ke ubona imisho yegazi emnyango, uyaqonda, emva kokuba eselazi iZwi likaNkulunkulu, khona-ke ufika ekuqondeni igazi elichithiweyo. Futhi uzofanele eze ngaphansi kwegazi elichithiweyo, njengo-Israyeli eGibhithe kanjalonjalo, uza ngaphansi kwegazi. Khona-ke ngemva kokuba eseziqondile . . .

93 Futhi amaHeberu 13:12 no13 athi, "UJesu, ukuze Angcwelise abantu ngeGazi laKhe uQobo, wahlupheka ngaphandle kwamasango." WayenguMhlatshelo wethu, yonke into evela emzimbeni waKhe ihlanganisa ukuzalwa okusha.

94 Lalelani, bodade, ngingumfowenu, futhi ngethemba ukuthi niyangiqonda. Lapho ingane izalwa, iyiphi inqubo yemvelo yokuzalwa kwemvelo na? Into yokuqala, uma kungukuzalwa okuvamile, ngamanzi, okulandelayo yigazi, bese kuba ukuphila. Kuphuma emzimbeni kaJesu Kristu, bagwaza uhlangothi lwaKhe: amanzi, iGazi, futhi "ezandleni zaKho Ngiyawubeka uMoya waMi." Kwakukhona izakhi ezintathu ezazivela eGazini laKhe: ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, lokho kukuletha eGazini ungene enhlanganyelweni.

95 Bese kuthi lapho lomuntu, ehlukaniswe yiZwi, engcwelisiwe ngeGazi, ungena enhlanganyelweni yobuNkulunkulu, khona-ke usebandleni labantu lapho amandla kaNkulunkulu ehla khona. Futhi inhlanganyelo, abakhathali ukuthi yini *lena*, *lokho*, noma *okunye*, bonke bangaphansi kwendawo eyodwa nakuvumelana kunye, "neGazi likaJesu Kristu lisihlanza kukho konke ukungalungi," khona-ke sinenhlanganyelo omunye

nomunye. Amen. O, bengingathanda kanjani, besingabambelela kulokho isikhashana! Yebo, mnumzane.

96 Kodwa nasi isizathu, yingalesosizathu ngithanda lezizingqungquthela zeBusiness Men. Omunye wenze umsindo esikhathini esingeside esedlule ukuthi iBusiness Men ibizokwenza i, bahlanganyele nenhlangano ethile. Ngathi, "Lapho benza, ngihambisa ikhadi lami lenhlanganyelo." Lokho kuyibulala khona lapho, kukwenza ngaso sonke isikhathi, kuyakwenza impela. Yebo, mnumzane.

97 Qhabo, mnumzane, ngikanye nabo ngoba bamele yona impela into engikholelwa kuyo. Angikhathali noma uyiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, noma ngabe uyini, lapho ufika ngaphansi kwaleloGazi, mfowethu, sinenhlanganyelo omunye nomunye futhi wonke umuntu ubukeka ngokufanayo.

98 Lapho uJesu efundisa lowomfanekiso odumile, futhi ekhuluma ngesidlo sakusihlwa somshado: wafumana indoda eyodwa lapho engayembethe ingubo yomshado. Wena... Siyawazi amasiko asempumalanga, ngike ngaba lapho futhi ngiyazi ukuthi...Bakhipha izimemo, futhi wonke umuntu unesimemo esizayo, noma ngabe umpofu, noma ngabe ucebile, noma ekwazi ukugqoka kahle noma qha, kukhona indoda emi emnyango futhi, umyeni, futhi imnika ingubo ende. Lapho engena, ugqoke ingubo ende, angikhathali noma umanikiniki, noma ngabe uyini, ugqoka ingubo ende, futhi bonke babukeka befana, ngoba bangaphansi kwengubo ende, futhi abakwazi ukuthola ingubo ende ngaphandle kwesimemo.

99 Futhi lendoda yayinyelele yangena ngenye indlela, yayingenakuba nenhlanganyelo ngoba yayingagqokile kahle. Futhi lapho umuntu evumela isivumokholo sakhe noma ihlelo lakhe limehlukanise nomfowabo, kukhona okuthile okungalungile. Wanyelela wangena ngesango elithile lehlelo, noma into ethile enjalo, futhi iBhayibheli lathi, "Mbopheni, nimphonse ebumnyameni obungaphandle, lapho okukhona khona ukukhala, nokulila, nokugedla kwamazinyo."

100 Mfowethu, akuzona izivumokholo ezisingenisayo, akuzona izivumokholo eziletha inhlanganyelo yethu. Khona...Imfundo isiqhelisela kude kakhulu nayo kunanoma yini enye engazi ngayo. Nkulunkulu...Kwakungezona izinhlelo zemfundo, kwakuwuhlelo lokufa kweNdodana yaKhe, ukufa, ukumbelwa, nokuvuka, ukuchithwa kweGazi, futhi ngalokho, ngaphansi kwaleloGazi, sonke sinenhlanganyelo omunye nomunye, ngenkathi iGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, lisihlanza kuso sonke isono.

101 Siyini isono na? Ukungakholwa. Amen. Akukho-muntu kuleyonhlanganyelo noma ukukhonza oyophikisana nanoma yiliphi iZwi uNkulunkulu ake alikhuluma. Kungani na? Wona kanye uMhlatshelo owamfelayo yiLowo owaloba iZwi.

102 ETestamenteni eLidala, lapho ikholwa likhuphuka lizokhonza, lalenze okuthile okungalungile, lalingeke, ngaphandle kokuthi lize ngegazi. Lenzani na? Laletha iwundlu lalo, lenyukela kumpristi, umpristi walihlola iwundlu ukubona ukuthi kwakuyiwundlu elihle yini, eliphelele. Laselibeka izandla zalo phezu kwewundlu futhi lavume izono zalo, khona-ke izono zasuswa kulo zayiswa ewundlwini. Iwundlu lifanele life, ngoba alisesona isoni, kodwa iwundlu. Balinquma umphimbo, igazi laphuma, lafafaza phezulu, lasha emlilweni. Kulungile.

103 Qaphelani, manje, lokho kungaba kuhle ngokwenele. Kodwa kungani, kungani lokho kungazange kusebenze na? Kwakukhombisa ukuthi kwakuza Okuthile okukhudlwana, ngoba igazi lembuzi kumbe lemvu lalingenakuhlawulela isono. Lalingasisibekela, kodwa alikwazanga ukusehlukanisa. Kungani na? Umoya oyimpilo esengqamuzaneni legazi, ekwakhiweni kwegazi, empilweni, engqamuzaneni legazi kwakungukuphila kwemvu, naleyomvu eyafayo, lokho kuphila kwaleyomvu kwakungenakubuyela phezu komkhonzi, ngakho-ke lalingenakusebenza.

104 Kodwa lapho sifika eKalvari, ngokukholwa sibeka izandla zethu phezu kweWundlu likaNkulunkulu, neNgqamuzana leGazi laKhe laphuka, okwakungesuye umJuda noma oweZizwe, WayenguNkulunkulu, futhi thina, kuleloGazi elingonakalisiwe, hhayi ngobulili, kodwa ngesenzo sokudala sikaJehova, qobo lwaKhe, Owadala iNgqamuzana leGazi esibelethweni sentombi futhi laveza iNdodana kaNkulunkulu . . .

105 Wayengeyona iNdodana kaMariya. Qha, biza . . . Nina maKatolika niMbiza ngokuthi, "umama kaNkulunkulu," nibiza owesifazane. "Umama kaNkulunkulu"? Akazange ngisho ambize ngo "Mama" nakanye, Wambiza ngokuthi "Sifazane," yilokho ayeyikho. Wayeyisifukamelisi uNkulunkulu asisebenzisa, ncamashi njengoba nje Ayengasebenzisa noma yimuphi omunye umuntu. Wayengeyena u "mama kaNkulunkulu," uNkulunkulu akanaye umama. WayenguNkulunkulu yedwa, "KuYe kwahlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba."

106 Lapho sibeka izandla zethu phezu kwalapho futhi sivuma ukuthi UnguMsindisi wethu noNkulunkulu wethu, futhi lapho sibeka izandla zethu phezu kwaKhe ngokukholwa, neGazi elachithwa lapho eKalvari, singeniswa enhlanganyelweni, noMoya oNgcwele owawukuleloNgqamuzana leGazi ubuyela ekholweni, umenza indodana noma indodakazi kaNkulunkulu, khona-ke sinenhlanganyelo. Futhi uma uMoya oNgcwele waloba iBhayibheli, ungakwenza kanjani uMoya oNgcwele, ngaphansi kweGazi olemukele, uke ubuye futhi uphike iZwi na? Amen. Nanso inhlanganyelo, phansi kweGazi. Amen.

107 Lokho kuhlanzeke njengoba ngilazi iVangeli, mfowethu. Yileyo kuphela insindiso engazi ngayo, yilokho kuphela, lapho ukukholwa kwami kwakhelwe khona, khona lapho, ukuthi ngoJesu Kristu, "Imithambo ka-Imanuweli, lapho izoni zacwila ngaphansi kwethantala, lasusa onke amabala azo anecala." Bese kuthi lapho singena kulokho, ngaphansi kwaleloGazi futhi siziqonda ukuthi siyizoni, futhi siphumele ngapesheya, futhi Ubeka uphawu ukukholwa kwethu kanjalo, ngoMoya waKhe oNgcwele, uMoya oNgcwele ofanayo owaloba iBhayibheli futhi wafaka lonke iZwi kuLo, lowoMoya oNgcwele ungaphenduka kanjani futhi uphike leloZwi na? Ungasemukela kanjani isivumokholo esikhundleni seZwi na? Lingayemukela kanjani imfundiso-ze esikhundleni seZwi na? Lingeke. UMoya oNgcwele uzogcizelela lonke iZwi likaNkulunkulu ngokuthi, "Amen!"

108 O, he. Yileyo inhlanganyelo engikholelwa kuyo. Khonake akugcini nje ngokuba nenhlanganyelo omunye nomunye, kodwa sinenhlanganyelo noKristu. Ngani na? Thina si, zibala njengabafile, futhi bambelwa, futhi bavuka naYe ekuvukeni, futhi sihlezi ezindaweni zaseZulwini manje kuKristu Jesu.

109 Ngifunde indaba encane esikhathini esingeside esedlule, sengivala, kwakukhona umfana waseMelika, njengesigejane sabo bonke, owaya eRoma ukuyofunda ubuciko, imibukiso emikhulu yobuciko yaseRoma. Wake waba lapho, kuyamangalisa! Bangaki abake baba seRoma na? Ngicabanga ukuthi abaningi benu baye babakhona. Waphumela e-St. Angelo na? Ingabe lokho akuzange kukwenze uzizwe unamahloni ngawe na? Lapho ngehla e-St. Angelo ukuze ngingene, indawo elawulwa ngamaKatolika, kwakukhona isayini enkulu, eRoma, lapho ubufebe bukhona, o, *ci*, kodwa isayini enkulu lapho yathi, "Kubo bonke abesifazane baseMelika: Sicela nigqoke izingubo ezithile futhi nihloniphe abafileyo." Leyo yiMelika yethu engumKristu, iRoma kufanele isho into enjalo.

110 Kulungile. Kulelizwe laseRoma kwakukhona ingcwethi yemifanekiso esencane, futhi umnakekeli omdala emagcekeni waqaphela lengcweti yemifanekiso esencane ingehlukile. Bonke ngesikhathi sasebusuku, benza njengoba benza lapha.

111 Ekolishi *elithile* elikhulu leBhayibheli ngolunye usuku, sasikhuphuka, siyodoba, futhi sehlela endaweni yokudoba ntambama. Sakhuphuka sabuya, angikaze ngizwe umsindo onjalo empilweni yami, amantombazane asemancane aphuma kulelikolishi elidumile, nabafana abasebancane, begqoke izikhindi, ezansi lapho, u, he, nokukhuluma eningakaze nikuzwe. Ukudedela ingcindezi, lokho, ngiqagele babecabanga ukuthi leyo kwakuyindlela yokukwenza.

112 Yini abefundisi abachanyuselwayo na? Siyoba yini isizukulwane esilandelayo na? Uma kugcwele oRickys no-Elvises manje, kuyoba yini ezweni kwesinye isizukulwane na?

Kuzoba yini? Nakho-ke. O, mfowethu, lokho nje, into ethile ingena kimi, angikwazi ukukubamba.

113 Qaphelani, lensizwa, yayihlukile. Umnakekeli omdala wayilandela ngelinye ilanga. Nsuku zonke yayikhuphuka ngasekushoneni kwelanga phezulu egqumeni, futhi ibuke ukushona kwelanga, njalo, yayibuka ngapheseya kwezwe, imi lapho nezandla zayo *kanjalo*. Futhi ezinye izinganyana ziyophuma zonke ngemva kokuphela komsebenzi wosuku futhi ziyophuza futhi ziqhubeke, abanye babo baxube ukugeza, namaphathi nakho konke, kuqhubeka, kodwa lensizwa... Ngelinye ilanga...umnakekeli omdala, wayeyiqaphela usuku nosuku, yamkhathaza, ngakho ngolunye usuku wavele wayilandela wenyuka, eduze, insizwa yayimi lapho ibuka ngapheseya kolwandle, ibheke ngakulesisizwe, ngasekushoneni kwelanga, umnakekeli omdala wathi, "Uxolo, Nsizwa, ngithanda ukukubuza umbuzo."

Yathi, "Yebo, Mnumzane. Kuyini, Mnumzane?"

114 Wathi, "Manje, usubelapha ngaphezu konyaka," futhi wathi, "Bengikubuka nsuku zonke. Wenyukela lapha ngasekushoneni kwelanga ngenkathi imisebenzi usuphelile ezansi lapho, izifundo zakho—zakho zobuciko," futhi wathi, "uza lapha ubuke ilanga lishona." Wathi, "Ngi—ngiyikhehla nje elifuna ukwazi," wathi, "ngi—ngingathanda nje ukwazi ukuthi kungani ukwenza. Mina nje—mina nje ngifuna ukwazi, mhlawumbe, nginelukuluku lokwazi." Wathi, "Ungixolele uma nginephutha," wathi, "ngokukubuza."

Yathi, "Qha. qha, mnumzane." Yathi, "Okokuqala, ngingumKristu."

115 Umnakekeli omdala wathi, "Nami nginguye." Wathi, "Lokho kungitshela ukuthi kungani ungaphumeli ephathini, ungaphumi futhi wenze njengabo bonke abanye, ungazihlanganisi nabo." Wathi, "Ngiyakuqonda lokho manje, wena ungumKristu," wathi, "ngoba nami nginguye." Wathi, "Ngibheke induduzo yokufika kweNkosi."

116 Ngakho bemi lapho ndawonye, insizwa yayisilule isandla futhi yagaxa ubaba omdala, yamgona yamsondeza kuyo, yathi, "Ingabe uganiwe na?"

Wathi, "Yebo, ngikhulise isigejane esikhulu sabantwana."

117 Yathi, "Mnumzane, isizathu sokuthi ngikubhekisise lokho, ngiyakhuleka." Yathi, "Uyazi, kude le ngapheseya ezweni eMelika, kunesifunda *esithile* kuleyo-United States enkulu, futhi kulesosifunda kunedolobha *elithile*, futhi kulelodolobha *elithile* kukhona indlu *ethile*, futhi kuleyondlu kukhona intombazane, ingumKristu, nayo, futhi uyabo," yathi, "njengoba ilanga liza lapha, lisendaweni ehlukile lapho, kodwa senza isifungo sokuthi sizobuka njengoba uNkulunkulu ehambisa ilanga ngapheseya." Futhi yathi, "Ngethembisa ukuthi

ngizophila ngokwethembeka kuyo, yathembisa ukuthi iyophila ngokwethembeka kimi empilweni." Futhi yathi, "Ngelinye ilanga ngilindele ukuya kuyo ngiyenze umlobokazi wami." Yathi, "Yingakho ngizama ukuphila ngendlela engiphila ngayo, ngoba ngenze isithembiso, futhi ngifuna ukwethembeka esithembisweni sami."

118 O, uma thina namuhla njengamaKristu, esizisho ukuthi singamaKristu, uma besingazehlukanisa nakho konke okwezwe, zonke izivumokholo zethu nakho konke okunye, futhi sime ngase, sibheke ngaseZulwini, sizehlukanise nezinto zezwe futhi siphile njengamaKristu ngoba ngolunye usuku, kukhona iNdawo *ethile* ebizwa ngokuthi iZulu, "EKhaya likaBaba waMi kukhona izindlu eziningi," ngolunye usuku Uyozela thina, futhi asibe neqiniso futhi sithembeke kuze kube yilesosikhathi. Futhi ukuphela kwendlela esiyoke sikwenze ngayo, bangane, yilapho sizalwa ngokusha, futhi singeke sazalwa ngokusha size singene ngaphansi kweGazi elichithiweyo likaJesu Kristu.

119 Ekuvaleni lengqungquthela, ngizothanda ukuthatha lelithuba nani, bangane bangane bami, bafowethu nodadewethu, ngethemba ukuthi niyangivumele ngibe umfowenu nodadewenu. Ngethemba ukuthi ngingaba kini njengo—njengomngane wangempela, nina bodadewethu ningaba udadewethu, nina bafowethu, umfowethu. Ngingaba umelusi wenu na? Ngingaba esinye sezakhamuzi ezikanye nani zoMbuso kaNkulunkulu ngikhonza nani na?

120 Masithathe lelithuba futhi sisho lokhu: Konke esikuzwile, namuhla, mngane wami olungileyo, uMfowethu David duPlessis, bathi, yena ushumayele amahora amathathu noma amane namhlanje, omunye umfowethu engingamazi, wathi, "Umfo omncane ushumayelile namhlanje ekuseni," ngosuku emva kwalokho, uMfowethu Brown, isikhulumi esiqavile, umfowethu omkhulu, usanda kungena endleleni, imiyalezo emikhulu oyizwile kulabo bazalwane, asingaveli nje siyivumele idlule phezu kwethu. Asingakwenzi. Asihambe ngaphansi kweGazi leNkosi uJesu, kulobubusuku. Asizinikele kuNkulunkulu kabusha ekupheleni kwalenkonzo, kulobubusuku, futhi sithi, "Nkosi Jesu, ngithathe. Ngithathe ngaphansi kweGazi laKho, futhi ngivumele ngibone Wena wedwa, Nkosi, futhi ngivumele ngiKukhonze."

121 Buyela ebandleni ovela kulo, ehlelweni ophuma kulo, kodwa khumbula, lapho uhlangana nomfowethu noma udade okwelinye ihlelo, ungalokothi uzehlukanise, ungumfowenu, lowo ngudadewenu, nonke ningaphansi kweGazi leNkosi uJesu Kristu. Ungekwazi ukwenza lokho na?

122 Ungathanda ukunikela impilo yakho kabusha, kulobubusuku na? Ngingathanda ukukubuza. Izolo ebusuku (ngiyakuthanda ngalokho.), emva kokushisa, okunzima,

futhi ngaphumela phandle ngasula izinyembezi emehlweni ami ngenxa yokukusho, kodwa kufanele ngilalele lokho engangitshelwa ukuba ngikusho, ngangingakwenza kuphela, ngaphuma. Futhi ngisho lapha lapho engicabangela khona ukuthi cishe isigejane esikhulu salababantu kwakungabantu bePentecostal, kodwa ngenkathi iZwi liphuma ekuziphatheni nasezintweni zebandla namuhla, ngithe, "Bangaki kini abazibonayo ukuthi unephutha, futhi ungafuna ukungena kulenhlanganyelo kaKristu na?" Futhi cishe amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu ebandla, anokuphenduka okwanele kobuKristu kwangempela, ngokuba qotho ngokwanele enhliziyweni yakho ukuze ufune ukwenza kahle, phakamisa isandla sakho phambi komakhelwane wakho futhi ufuna ukukhunjulwa emkhulekweni. Nginethemba kini, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzokupha.

123 Manje, akumele kube yinoma yisiphi isikhathi esithile, noma yisiphi isikhathi esimisiwe, kungaba ngalesisikhathi, lapho usulungele futhi uzimisele ukuhlangana noNkulunkulu esisekelweni seZwi laKhe futhi uthi, "Nkulunkulu, ngibumbe futhi ungenze ngemfashini yaKho uQobo." Uma nizokwenza lokho, kulobubusuku, enkonzweni yokuzinikezela, ngaphambi nje kokuba sivale, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzohlangana nani nonke. Futhi uma ngingaphinde nginibone ngapha komfula, ngizonibona ngakolunye uHlangothi, ukholwa eZwini elifanayo, ngoMlayezo ofanayo, ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi kodlula amaZulu nomhlaba, kodwa iZwi laKhe alisoze lehluleka. Uyakukholwa na?

124 Ingabe u—ingabe uzohlanganyela nami ekuzinikeleni na? "Ngizojoyina, ngifuna mina uqobo ekuzinikeleni ukuba nginikele kabusha impilo yami enkonzweni kaNkulunkulu uSomandla. Kwangathi ngingalokothi ngivume. Kwangathi ngingahlala ngethembekile ngineqiniso futhi ngishumayele iZwi." Uzofuna, ubungafuna ukuba yilolohlobo lomKristu na? Bangaki abangathanda ukuba ngumKristu wangempela, futhi nje, awu, umKristu ogcwele na? Phakamisani izandla zenu. Manje, vele ubeqotho, umKristu wangempela nje na? UNkulunkulu akubusise. Masime ngezinyawo zethu.

125 O, he. Lesi yisikhathi, manje ngumzuzu. O, ngi—ngifisa sengathi ngangazi ngalokho engizokusho, futhi ngabe ngiyakusho, ukuba ngangazi ukuthi ngithini. Ukuhlosile lokho na? UJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Futhi konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kimi." Yini ekwenze wema ngezinyawo zakho na? Ingabe ubukuhlose ngempela lokho esikushilo na? "Ngikulungele ukuhlukanisela impilo yami?" Ingabe uzimisele ukufela kuwe uqobo nakho konke okukuzungezile, akukho lutho ngaphandle kweGazi likaJesu Kristu kuphela yikho konke okulangazelelayo na?

Yini engahlanza isono sami na?
Lutho kodwa iGazi likaJesu;
Yini engangenza ngiphelele futhi na?
Lutho kodwa iGazi likaJesu.

126 Lapho unenhlanganyelo noKristu, noNkulunkulu, neziNgelosi, noMoya oNgcwele, nazo zonke izidalwa zaseZulwini, nazo zonke izidalwa zasemhlabeni, ngoba wonke umzimba oseZulwini nasemhlabeni uqanjwe ngaYe. Kunjalo. Futhi niwumndeni owodwa omkhulu, nizoba nenhlanganyelo omunye nomunye. Masiphakamise izandla zethu manje kuNkulunkulu, nangeculo lethu lokuzinikezela:

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Futhi wangithengela insindiso yami
Emthini waseKalvari.

[UMfowethu Branham uyahamisha, *Ng'yaMthanda*—Umhl.] Vala nje amehlo akho manje. Manje izinhliziyo zenu zikhotheme:

Ng'yaMthanda (Lelo yiZwi laKhe.), ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Futhi wangithengela insindiso yami
E . . .

Yiba nje njengomntwanyana manje, kalula, uvuma.

Ngi . . .

Ubumnandi baKhe, ngena ezinhliziyweni zethu, Moya oNgcwele.

Ngoba Wang'thanda kuqala

Kalula manje. MaMukele nje angene. Gcina umphefumulo wami, Nkosi.

. . . insindiso . . .

(*Ukukholwa Kwami Kubheka Kuwe.*)

. . . kwaseKalvari . . .

127 Manje asikhothamise izinhliziyo zethu namakhanda umzuzwana nje. Yenza ukuzinikezela kwakho kuNkulunkulu manje. Ngokuthula, ngendlela engeyakho, khuleka umkhuleko wakho, "Futhi, Nkulunkulu, ngithathe manje, ngimi eBukhoneni baKho. Lengqungquthela iye yabaluleka kakhulu kimi. Ngithathe, O Nkulunkulu. Thatha itshe enhliziyweni yami. Ngolunye usuku ngifanele ngihambe, Nkosi, kungase kube kulobubusuku, angazi nje ukuthi kuyoba nini, kodwa ngi—ngifuna ukuba sothandweni naWe, Nkosi Jesu. Ngifuna ukuba ngowaKho."

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe,

Kukhuleke nje ngenkathi usacula.

Wena Wundlu laseKalvari;
Msindisi waPhezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa zonke izono zami,
O makuthi mina kusukela namuhla,
Ngibe ngowaKho wonke!

128 Manje amakhanda enu ekhotheme, ne-ogani iqhubeka njalo nokudlala, manje, musani nje ukuzinikela ingxenye, cabanga nje manje njengoba wehla: "Susa kimi, Nkosi, konke okungafani naWe. Mangibe umntwana waKho, kusukela kulesisikhathi kuqhubeke." [UMfowethu Branham uyahamisha—Umhl.] Manje njengoba uqhubeka:

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,
Nezinsizi zanda macala onke kimi,
Yiba Wena nguMholi wami;
Yala ubumnyama busuke namuhla,
Sula ukwesaba kosizi,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

129 Baba waseZulwini, ubumnandi boMoya, ubumnandi bomculo, Wena yiba nguMholi wethu, Nkosi, ngamunye wethu ngendlela yethu eyehlukene, sazi ubuthakathaka bethu, Nkosi, futhi siyabuvuma kuWe, sikhuleka ukuthi Uyosithethelela, O Nkulunkulu. Singenise endlini yoMbumbi, kulobubusuku, usigeze eGazini leNkosi uJesu, futhi usibumbe ngaleloKhemikhali kithi, Nkosi, ukuze kuthi lapho Usibuka kube mhlophe nje, ngokuba semukela iGazi leNkosi uJesu.

130 Sicela ukuthi Uzozembula Wena uqobo kithi, Nkosi, eZwini. Siyazi ukuthi lolu wuhlelo lwaKho, Baba. *Lona* owaKho—*Lona* ngumProfethi waKho, iZwi lingumProfethi, Liyabikezela, noma yini ephambene naLo kuyoba ukungalaleli umProfethi, iBhayibheli.

131 Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzosephula, kulobubusuku, izinhliziyo zethu ezingamatshe, izindlela zethu ezingamatshe, futhi usenze futhi usibumbe ngomfanekiso weNdodana kaNkulunkulu, ngeGazi laKhe uQobo, ukuze inhlanganyelo yethu ingahlala imnandi futhi inkulu.

132 Nkulunkulu, yipha ukuba Ubusise lelibandla elikhulu elingabanikazi balezizinkundla, elisivumele ukuba size lapha, le-American Baptist Association eyakuvula, futhi iminyango yabo mayivuleke ukuze singene lapha njengabantu beFull Gospel. Ngiyakhuleka Nkulunkulu, ukuthi kuzobakhona imvuselelo yefeshini endala equbuka phakathi kwabo, ukuthi uMoya oNgcwele uzothululelwa kuyo yonke imibhoshongo yokukhuleka, futhi kwehle njalo kulamahlathi azogcwala abangcwele, ukucula, nokudumisa, nokumemeza, izibonakaliso

ezinkulu nezimanga zifika phakathi kwabo, Nkosi, bangabafowethu, siyabakhulekela.

133 Sikhulekela onke amabandla nayo yonke inhlangano, lonke ihlelo, ukuze bagqabule lezozibopho nezintambo, futhi babalekele eDwaleni. Siphe khona, Nkosi. Ihora seliseduze manje lapho sibheke Yena ukuba afike, lapho sibona intombi elele iqala ukuhahela amaFutha. Kwase kuthi-ke ngenkathi seziyoWathenga, uMyeni wafika, lowo ngu-ISHO KANJE INKOSI. Futhi, Nkosi, siyakubona kuseduze kakhulu manje.

134 Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzosivumela sivuke masinyane impela, sibe nezibani zethu zilungisiwe futhi zivutha. Amabandla aqala ukuqonda ukuthi ashoda ngeNto ethile. Futhi siyakhuleka, Baba, manje ukuthi ayaWafuna, ukuthi sizozilungiselela. Yilokho Owakusho, "Futhi ngenkathi zisayothenga amaFutha, kwabe-ke sekufika uMyeni." Sisize, Nkulunkulu oThandekayo.

135 Sihlukanisela izimpilo zethu kuWe. Futhi njengoba ngicelile abafowethu nodadewethu lapha ukuba benze kanjalo, ngiyakwenza mina uqobo, O Nkulunkulu, Ngizilalisa phezu kweDwala, njengokhozi engikhulume ngalo izolo ebusuku, O Nkulunkulu, ngawo wonke umkhuleko engiwaziyo ukuthi kanjani, shaya yonke into engamesabi uNkulunkulu isuke kimi, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi Uzongibumba kuze kube Wena, ngi—ngingayibonakalisa iMpilo yaKho. Siphe khona, Nkosi. Ngisize ngibe neqiniso futhi ngibe qotho, ngisize ukuba ngihlale ngiqinile futhi nginesibindi, ngisize, Baba, ukuba ngithwale iZwi ngiliyise emazweni angenazo izithunywa zenkolo omhlaba. Siphe khona, Baba.

136 Busisa leNhlangano yeBusiness Men, sengathi ingaphila, futhi sengathi ingaphumelela, futhi iqhubeke, futhi ibone ukufika kweNkosi, futhi ilungiselele imiphefumulo eminingi. Amadoda ahloniphekile, amadoda aqotho, amadoda angamadoda amakhulu, achitha ukuphila kwawo uqobo, athathe isikhathi sawo, ukuletha iVangeli, ukusekela abefundisi ukuba bangene futhi basabalalise iZwi, Nkulunkulu, siyabathanda, futhi siyakhuleka ukuthi bazoba namandla ezweni, futhi basetshenziswe esandleni saKho.

137 Busisa wonke umfundisi olapha. Busisa uMfowethu uBrown, uMfowethu uduPlessis, nabo bonke abanye abazalwane, uMfowethu Joseph Boze, nabo bonke abanye, osomabhizinisi, nabo bonke ndawonye, Nkosi. Futhi wonke udade, busisa izinhliziyo zabo, Baba, sikhulekela ukuthi Uzoba nabo. Futhi uthethelele zonke izono zethu. Futhi sizahlukanisela Wena manje, njengabantwana baKho, kusukela kulolusuku kuqhubeke sengathi singaphila izimpilo ezehlukene. Siyakucela, eGameni likaJesu, njengoba sizethula ezandleni zaKho, yenza ngathi njengoba Ubona kufanele. Amen.

138 Ningahlala phansi manje umzuzwana nje. NgiyaMthanda. AniMthandi na? Nizizwa ningcono manje na? IZwi alininiki nje yini ukukolojwa, futhi livele likwenze uzizwe uhlumelele nakho konke na? Kuyamangalisa. Sithanda iNkosi ngenhliziyo yethu yonke. AniYithandi na? Kulungile.

139 Manje, ngizodlulisela inkonzo kuMfowethu Carlson lapha, ngiyacabanga, umfowethu, usihlalo, futhi uzofika futhi athathe inkonzo manje.

140 Uma kufanele siqoqe unyaka kusukela namuhla, futhi ngiyaphila, laba cishe bazo. . . Kungenzeka ngingaphili unyaka kusukela namhlanje, uJesu angase afike kungakenzeki, kodwa uma kwenzeka ngibuyela kwenye yezingqungquthela lapha, umhlangano wesifunda esincane walesisifunda esikhulu, kuzoba nabanye bethu abangasekho. Siqinisekile impela ngalokho, ngeminyaka yethu, nendlela izinto ezihamba ngayo, inombolo elapha. Futhi uma ngingaphinde nginibone ngize ngihlangane nani emfuleni, uNkulunkulu anibusise futhi abe nani kuze kube yilesosikhathi. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Carlson.

141 [UMfowethu Carlson unebandla likhulekela uMfowethu Branham—Umhl.] INkosi ikubusise, Mfowethu. Ngiyabonga, bangane. NgiyaKubonga, Baba. Ngiyakwemukela, Nkosi. Ngi—ngiyazi ukuthi Uzowuzwa umkhuleko, ngikholwa ukuthi Uzowuzwa. Siphe khona, Nkosi. Ngisize manje. O Nkulunkulu, kwangathi iZwi lingaba, lingibambe manje. Kwangathi kungaba yisifunda sami esincane, futhi kwangathi ngingahlanganyela ezibusisweni zaKho, Nkosi. NgiyaKubonga ngalababantu abahloniphekile. . .?. . . Ngiyawemukela futhi ngiyawukholwa umkhuleko wabo. NgeGama likaJesu. Amen. [Umfowethu uyakhuleka—Umhl.] Siphe khona, Nkosi. Amen. Malibongwe iGama leNkosi.

142 Ngiyabonga, mfowethu ongumKristu. Abangane bami abangamaKristu phandle lapho, ngizobe, ngincike kulokho. Manje ngiya emasimini, niyazi lapho ngiya khona. Ngisanda kubuya nje, ngihamba, ngihlose ukuhlangana noMfowethu uBoze e-Afrika khona manje, ukwehlela e-Afrika nasezindaweni ezehlukene zomhlaba. Ngizobe ngikhumbula izibusiso zenu-nonke kanye nami ngiqinisekile. Ngikhulekeleni futhi ngizoqhubeka nokunikhulekela. UNkulunkulu abe nani.

Ngiyabonga, Mfowethu.

